basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL
SENIOR CERTIFICATE

# IBANGA LE-12

# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESIBILI (P2)

## NOVEMBA 2017

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi angama-27.**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

KWAZULU-NATAL



M4

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
|---|---|---|
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 7 |
| 3. *Umshado* | 35 | 10 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 13 |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 16 |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 19 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>**Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.** | | |
| 7.1 'Ingoduso' | 18 | 22 |
| 7.2 'Ilobolo' | 17 | 24 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>**Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.** | | |
| 8.1 'Kuyosala Izibongo' | 18 | 25 |
| 8.2 'Kwamfaz'ongemama' | 17 | 26 |

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| A: INOVELI | 1–3 | 1 | |
| NOMA | | | |
| B: UMDLALO | 4–6 | 1 | |
| NOMA | | | |
| C: IZINDABA EZIMFISHANE | 7 | 1 | |
| NOMA | | | |
| D: IZINKONDLO | 8 | 1 | |
| **QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela. | | | |

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Ekhaya kubo kaNokulindela unina uMaZikalala wayesethanda ukusola ukuthi kukhona **okushaya amanzi** lapha enganeni yakhe. Wayesekuqaphele izikhashana eziningana ukuthi intombi yakwakhe lena ayincibilikile neze kahle, kukhona okuyidlayo. Ngenxa yokuthi uMaZikalala wayengelona ithatha, waqale wabekezela ethatha ngokuthi hhiya umzwangedwa wayo ingane. Kwathi ukuba adliwe yisazela sokuthi konje ingane yakhe ayinadadewabo engabhoboka kuye uma inenkinga ibonisane naye, kwala, wazijuba ukuthi uzoyibuza, funa athule kanti inkulu into edla ingane yakhe hleze usenokuyichushisa kuyo.

Nebala kwathi bezihlalele nje exhibeni izimbiza zigxabha eziko bekade bezitekulela, wezwakala uMaZikalala eseyiqala indaba; 'Nokulindela ngane yami, nakuba ngingafanele ukukugqwaba ukuba ungitshele into uma ubungazimisele ukuthi ngiyazi, kulokhu ngithi angibuze ngane yami, angazi noma ngiyona yini?'

'Usho ngani kodwa mama? Khona kunjalo ususho ukuthi sengingaba nezindaba engingazifihlela wena? Ngingakwenza kanjani lokho ngoba wena ungumama, ungudadewethu, uyikho konke nje kimina,' kuphendula uNokulindela ngesizotha engalindele ukuthi unina uqondephi nale ndaba.

'**Mntanami ngithi mangingafeli phakathi okwebutho lakwaZulu** ngoba ngiyakwazi, ngikwazi ungakabi ngaka, futhi ngiyakwazi ukukubona uphila noma ungaphilile, uncibilikile noma ungancibilikile. Manje ngifuna ukwazi ukuthi ngane yami udliwa yini njengoba ungancibilikile nje? ...'

1.1 Zingaki izingane zikaMaZikalala? (1)

1.2 Kwabe kungubani iqhikiza likaNokulindela? (1)

1.3 Kungani abazali bakaNokulindela bamnika leli gama? (1)

1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo sisho ukuthini? Kukhona **okushaya amanzi** lapha enganeni yakhe:

A Okungcolisayo
B Okujabulisayo
C Okusolisayo
D Okumanzisayo (1)

1.5 Ngubani umlingiswa oqavile/omkhulu kule noveli? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

1.6 Chaza ukuthi isenzo sikaZabalaza sokunyundela/sokukhuluma kabi ngoSandanezwe silukhulisa kanjani udweshu kule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.7 Hlaziya le noveli ubhekise kulokhu okulandelayo:

1.7.1 Isihloko sale noveli siyahambisana yini nendaba yonke? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.7.2 Umbhali ukwazile yini ukufeza umgomo wokubhala isingeniso sale noveli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.8 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala emshweni olandelayo?

'Mntanami ngithi mangingafeli phakathi okwebutho lakwaZulu ...' (1)

1.9 Shono ukuthi laba bantu abalandelayo bahlobene kanjani.

UZikalala nomama kaNokulindela. (2)

1.10 Tomula ibinzana lamagama asesiqeshini asitshela ukuthi uNokulindela benomama wakhe babepheka. (2)

1.11 Bhala isizathu sokuthi uSandanezwe eqe esibhedlela. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA B

'Ungishaya kanjena Sandanezwe ngoba izinsizwa zangakithi zingekho? Siyoze sinqwamane esikhaleni sezimpisi neziyendane ngiyakutshela.'

'Usakhuluma khona ukukhuluma mthakashanandini? Ngikuphahlaza ikhanjana khona manje,' kufutheka uSandanezwe esho emsikaza. 'Weshela ingoduso yami unjalo nje, ujika lapho uyangedelela. Ngizokubulala mina awungazi kahle. Masihambe mntakwethu sishiye lo mgodoyi umuntu angaze azithole esemi emabhokisini ezimantshi ngento engekho.'

Baqhubeka oSandanezwe nesithandwa sakhe enelisekile enhliziyweni ukuthi usikhiphile isibhongo sento ayenziwa nguZabalaza ehamba nezinsizwa zangakubo. UNokulindela yena wezwa efikelwa ukumthanda ngenye indlela uSandanezwe, wafikelwa nayithemba lokuthi uzosheshe alulame. Wazizwa eqina idolo ngokunye.

'Nokulilndela mntakwethu, ngicela ungethembise into eyodwa vo. Ngicela ungethembise ukuthi uyolilandela ibizo lakho ungilinde kulobu bunzinyana engisekubona.'

'Ngiyakuthembisa Mkhumane wami, ngiyokulinda noma ngabe sekunjani. Ngiyethemba ukuthi njengoba sesihlukana nje abakini bazoba nawe.' Wathi eqeda lawo mazwi, zabe zehla ubuqathaqatha.

'Sondeza isandla nkosazana emhlophe ngange.'

Nebala bavalelisana uSandanezwe wabamba ezehlayo, uNokulindela yena amabombo wawasingisa ekhaya inhliziyo ibubula ngokwehlukana nesithandwa sakhe. Ekufikeni kwakhe kwaNonkamfela kwafuneka ukuba ahambe ayoyazisa inyanga ukuthi usebuyile. Wayehlose nokuthi ngalolo suku aqedele nenkokhelo eyayisilele, ezwe noma hleze kukhona inyanga eyayingafisa ukukuphawula.

1.12 Yibuphi lobu bunzinyana ayekubo uSandanezwe? (1)

1.13 Bhala isethembiso uNokulindela asenza kuSandanezwe ngalolu suku. (2)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

KWAZULU-NATAL
M4

1.14 Kwaba namthelela muni ukusebenza kukaSandanezwe ezitimeleni zamanzi? Bhala amaphuzu AMABILI . (2)

1.15 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ukuthi kungani uNonkamfela atshela uSandanezwe ukuthi akahambe aye ekhaya ayohlabela abaphansi. (3)

1.16 Ngokucabanga kwakho yini okumele yenziwe uMnyango wezeMpilo ukufundisa umphakathi ngesifo sengculazi? (2)

1.17 Uyazwelana yini noNokulindela kulesi simo azithola ekuso kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.18 Ukuba wawunikwe ithuba lokweluleka uSandanezwe, wawungathini kuye mayelana nokugula kwakhe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

## UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA C

Ngelinye ilanga ubaba wagqoka ihembe lakhe lishwabene ngoba engenakulilungiselwa noma engenakunikwa insimbi alilungise. Kwala noma ethi ucela indodana yakhe ukuba imcelele umakoti amlungiselele, wathi usejahe emsebenzini yena. Uma ephumela ngaphandle abantu bayamangala ukubona uyise wabantu abagwilike kangaka, **abahlala bebahle** ngaso sonke isikhathi, engcole ngalolu hlobo. Abanye babaze bazibuze ukuthi ngabe akaqambi yini amanga uma ethi unguyise wabo na. Bayambona futhi ukuthi lo muntu uya ngokuya eguga kube sengathi akasadli nakudla lapho ehlala khona.

Ngelinye ilanga ubaba ezihambela nje emgwaqeni bude buduze nalapho ehlala khona edolobheni laseThekwini, abonwe omunye umuntu ohlala ngalapho ehlala khona, ambingelele maqede bese ethi wamuzwa exoxa indaba yakhe, wasecabanga ukuthi amfundise ukudlala ilotho.

Wabe esemcela ukuba ake afike kuyena. Lavuma-ke leli khehla, wayeselinika inombolo yomuzi wakhe. Ngemuva kwezinsuku ezine, babonana. Baxoxa. Bavumelana. Wameluleka ukuthi idlalwa kanjani ilotho nokuthi kusetshenziswa malini uma ufakela izinombolo ezingaki nokuthi idlalelwaphi.

Wabuye wamtshela ukuthi kuvulwa nini kuvalwe nini nezinsuku okudlalwa ngazo. Wambuza ukuthi wake wawadlala yini amahhashi, waphendula ngokuthi: Qha! Kwase kusho ukuthi kufanele adlale naye izinsukwana ezimbalwa aze afunde kahle impela.

2.1 Bhala igama ledolobha laKwaZulu-Natal okukhulunywa ngalo kulesi siqeshana osifundile? (1)

2.2 Ngubani owafundisa uManyoba ukudlala ilotho? (1)

2.3 Yini eyayenza abantu bakungabaze ukuthi uManyoba ungubaba kaMjwayeli? (1)

2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Umusho othi, 'Bahlala bebahle ngaso sonke isikhathi' usho ukuthi bahlale begqoke ...

A kahle.
B umfaniswano.
C imvunulo.
D ezokulala. (1)

2.5 Kungani umlungu omkhulu athatha isinqumo sokufaka amakhamera efemini uThusheleni ayengunogada kuyo? (2)

2.6 Chaza ukuthi isenzo samadodana kaManyoba sokuhlukanisa abazali babo silukhulisa kanjani udweshu kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.7 Hlaziya le noveli ubhekise kulokhu okulandelayo:

2.7.1 Isihloko sale noveli siyahambisana yini nendaba yonke? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.7.2 Umbhali ukwazile yini ukufeza umgomo wokubhala isingeniso sale noveli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.8 Bahlobene kanjani laba bantu abalandelayo?

uBheki noMduduzi (2)

2.9 Tomula ibinzana lamagama afakazela ukuthi uMjwayeli nomkakhe babenemali eningi/babephila kahle. (2)

2.10 Bhala izizathu EZIMBILI ezazenza ukuthi uManyoba abone kunesidingo esikhulu sokuthi athole izinsizwa ezazizohamba naye uma eya esikoleni sasebusuku. (2)

2.11 Bhala isizathu esasenza ukuthi uMirriam angakwazi ukusiza abazali bakhe ngesikhathi sebehlupheka. (2)

**KANYE**



KWAZULU-NATAL
M4

## ISIQESHANA D

'SesiseMgungundlovana, ngemuva nje kwamasontshwana ngadlala ilotho ngoba nganginayo imadlana engangopondo neshumi engathandaza ukuthi kungabe sengiqeda okuncane ebesingathenga ngakho isinkwa ngalelo langa. Ngafaka ngingazi ukuthi iyozala nkomoni. Ngahamba ngaya ekhaya. Umuzi wethu wawusemuhle ezandleni zenono. Usuhalisa. Kwajabula nomakhelwane bethu ababekade basigcina. Sathola imfudumalo esasikade sayigcina. Sasingazi ukuthi abantu babephatheke kanjani ngokuhamba kwethu. Ukuba sasazi, ngabe sahlala sazidlela izinkobe nabantu bathi asingahambi asihlale siphile njengabo. Kusinda kwehlela endodeni.

Ngakusasa zabuya emasisweni, langibheka engangithi selangilahla. Ngayibamba ngedwa imali eyisizumbulu sezigidi. Sageza sashona khona edolobheni sesiyolanda isheke. Uma sifika lapha, sathathwa ngemoto sayiswa eThekwini lapho umama engakaze alubhade khona. Uma sifika lapha, sanikwa izinkomishi zetiye eliphambili. Saphuza kwakuhle kwadela. Safika ngesikhathi esimnandi. Sabizwa sekugcwele izintatheli. Kwase kuba ubugqwebegqwebe sithathwa izithombe yiwo wonke umuntu owayephethe ikhamera. Sithathwa izithombe nje, sinikwe elikhulu iheheba leli lesheke okuthiwa asilibambe nomkami. Sasijabuliswe ukuthi sesiphumile osizini, sesizodla esikuthandayo njengabo bonke abanezingane ezinjengezethu. Ngemuva kwalokho sanikezwa-ke isheke lethu. Sathathwa saphindiselwa ekhaya ngonyanyavu lwemoto ebomvu ...'

2.12 Ngokwalesi siqeshana uManyoba wasebenzisa malini ngesikhathi edlala ilotho? (1)

2.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI abalulekile okwenzeka kulesi siqeshana esingenhla. (2)

2.14 Nikeza isizathu esenza ukuthi umama kaFanyana ayeke umsebenzi emva kokushada noManyoba. (2)

2.15 Ngubani umlingiswa oqavile/omkhulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

2.16 Ngokucabanga kwakho kuyisenzo esihle yini ukuthi abantu abazalelwe emakhaya njengamadodana kaMaNdlovu bahambe bayohlala emadolobheni amakhulu uma sebefundile? Bhala amaphuzu AMABILI ufakazele umbono wakho. (2)

2.17 Uyazwelana yini noMirriam kulesi simo sakhe sokungalitholi ithuba lokufunda? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.18 Ukuba wawunikwe ithuba lokweluleka uManyoba emva kokuba ewine ilotho, wawungathini kuye mayelana nokusebenzisa imali yakhe. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha
Pheqa ikhasi

## UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA E

'Ngicabanga le nkulumo yakho. Yini ungafuni ngeshele ngoba ngiyakuthanda?' Asho la magama maqede aphulule isihlathi sikaTholi kancane uBheki.
'Sengeshelwa ngaqoma, ngagana, ngafelwa.'
'Kahle bo!'
'Impela kunjalo. Bengithi ubonile ngifake izingubo ezimnyama.'
Aphenduke isimungulu futhi uBhekani uma ezwa le ndaba.
Asuke agqolozele uTholi emehlweni. Ambambe ehlombe. Amsondeze kuye kancane. Kuthi uma sebezoqabulana, ahlehle uTholi.
'Wenzani manje Bhekani?'
'Ngizama ukukukhombisa ukuthi asisekho isidingo sokuthi ngeshele ngoba sengikuthandile. Anginandaba nakho konke lokhu okushoyo.'
'Uma kukhona ofuna sikukhulume Bheki okuqondene nokuthandana, linda ngize ngikhumule inzilo.'
'Kungcono ngiqale ngibeke inkinga yami Tholi kuwe kuqala. Mina ngibona sengathi uwena ongaxazulula inkinga enginayo. Kungcono-ke ngoba kanti vele ushonelwe umkhwenyana.'
'Lalela-ke Bheki. Ngilapha nje ngibalekile. Ekushoneni kukababa wakithi, umfowabo wabe esethi uzongingena. Ngangingamfuni nhlobo. Ngathi **nyawo zami ngibelethe**. Njengoba ungibona ngilapha nje, ukuzisondeza kwakho kimi kungakudalela ingozi. Uyangifuna uBhatomu, futhi ungifuna ngenkani.'
Kwathuleka endlini. Basuka babambana ngezandla uBheki noTholi bebhekene emehlweni ngqo. Wazizwa efudumala kancane uBheki, ethintwa ibele likaTholi. Wayibona leyo nto uTholi wahlehla, wathi ukuhleka.
'Uhlekani Tholi?'
'Ngiyayazi into engiyihlekayo, khululeka nje wena. Ngibona sengathi kuzofuneka sibonane khona kusasa mngani wami.'

3.1 Ngokwalesi siqeshana walelani uTholakele ukuthi uBhekani ameshele? (1)

3.2 Kungani uBhekani ephenduka isimungulu kulesi siqeshana? (2)

3.3 Iyiphi inkinga uTholi ayitshela uBhekani ngalolu suku? (2)

3.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: '**nyawo zami ngibelethe**' sisho …

A ukubaleka.
B ukuhamba.
C ukuma.
D ukuhlehla. (1)

3.5 Ngubani umlingiswa oqavile/omkhulu kule noveli? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

3.6 Chaza ukuthi ukufika kukaBhatomu eNyawushane kulukhulisa kanjani udweshu kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.7 Hlaziya le noveli ubhekise kulokhu okulandelayo:

3.7.1 Isihloko sale noveli siyahambisana yini nendaba yonke? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.7.2 Umbhali ukwazile yini ukufeza umgomo wokubhala isingeniso sale noveli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.8 Chaza ukuthi laba bantu abalandelayo bazana/bajwayelene kanjani?

UZenze noTholakele (2)

3.9 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uTholakele wayesazilile. (2)

3.10 Bhala isizathu sokuthi uLindiwe abuyele kubo kaBhekani emva kwezinyanga ezinhlanu bagcinana. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

Athule uBheki. Athi ukudla amathambo ekhanda. Ufuna nokubuza eyamaphoyisa; akazi ukuthi uzoyiqala kanjani.
'Bathi uphethwe yini ngempela Tholi?'
'Bavele bangibhedela nje lapha esibhedlela Bhek'zana wami. Bathi ngadla izidakamizwa. Ngize ngabatshela nokuthi nganginawe ngalobo busuku. Angikaze ngizilokothe nje izidakamizwa.'
'Kodwa uke uzisebenzise zona lezo zidakamizwa?'
'Phela yikho ngithi bayangibhedela nje.'
'Pho amaphoyisa abezofunani lapha kuwe?'
'Umzala wami uyiphoyisa. Uma eze lapha ezongibona usuke ehamba nabangani bakhe.'
Aphole uBheki. Ehlise umoya manje. Abone ukuthi sengathi uTholi mdala kunaye ngomqondo. Asale esezididuza ngokuthi uma kukhona izimfihlo alele phezu kwazo uTholi ziyombuleka ngelinye ilanga. Akhumbule ukuthi kade ebona uBhatomu abuze.
'UBhatomu yilokhu ahamba lokho?'
'Habo! Uyazi kade elapha. Angazi ukuthi uzwe ngobani ukuthi ngiyagula. Uthi usezwile ukuthi sengifuna ukushada. Uthi yena uyowumisa nse lowo mshado.'
'Kodwa uthi angakwenza lokho?'
'Lutho; ngeke aze enze ngisho umzamo wodwa lo.'
'Kodwa-ke uma uphuma lapha siyashada?'
'Akukho okunye mntakwethu. Uma ngiqeda amalungiselelo nje akukho okunye. Umuntu okufuneka ngimbone uZenze kuphela. Kuhle ngazi ukuthi uhambe kanjani; ubaba uyamukele yini imali.'
'Uyena owahambisa imali eyayilethwe abakhongi?'
'Uyena Bheki.'

3.11 Ngokwalesi siqeshana odokotela bathi uTholakele uphethwe yini? (1)

3.12 Bhala izinto EZIMBILI ezingelona iqiniso uTholakele azitshela uBhekani ngalolu suku. (2)

3.13 Baboshelwani oZenze, uPamella kanye noTholakele ngosuku lomshado? (2)

3.14 Chaza imbangela yokuthi umama kaBhekani angamthandisisi uTholakele. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

3.15 Ngokucabanga kwakho yini okumele yenziwe uMnyango wezeMpilo ukufundisa umphakathi ngobungozi bokusebenzisa izidakamizwa ezingekho emthethweni? (2)

3.16 Uyazwelana yini noBhekani kulesi simo azithola ekuso kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.17 Ukuba wawunikwe ithuba lokweluleka uBhatomu, wawungathini kuye mayelana nesifiso sakhe sokungena uTholakele? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA G

**(Esikhumulweni samaphoyisa, uDuma uyathuthumela ukhuluma nosayitsheni lo ayembikele ngokuhlaselwa kwakhe endleleni.)**

DUMA: Ngiyabonga sayitsheni. Ukube anifikanga ngabe indaba yami **isingumlando**. Ngibonga kakhulu sayitsheni.

SAYITSHENI: Ubonga ngakhona Duma kodwa nguwe oyimbangela yalokhu.

DUMA: Usho ukuthini sayitsheni? Yimi yini ovimba intuthuko lapha kule ndawo?

SAYITSHENI: Uyakhumbula ngikubuza ukuthi uyathathisa na enkosini uma uzokwenza utho endaweni yayo? Wathini wena? Angithi wadaza inkani? Nenhlangano yakho yaphinde yakuyala ngokuhlonipha inkosi, wena wenza okuthandwa nguwe. Bafile-ke manje abantu. UMbandlwa siyezwa ukuthi ubengungqa phambili ekutheni wenze lokhu obukwenza. Naye uDlamini kuyavela ukuthi ubethukuthela aze enze izinto ezingalungile njengakho ukushaya uMbandlwa.
Angimsoli-ke yena kakhulu ngoba ubehlukunyezwa ngukubona wena uthela inkosi yakhe ngothuli.

DUMA: *(ukuzithoba kuyadlondlobala. Useze watshekisa ngisho nekhanda. Izandla zakhe ulokhu ezihlanganisa njengomuntu okhuluma nomuntu amhlonipha ngendlela exakile)* Ngiyezwa sayitsheni. *(athule kancane)* Sekwenzekile-ke okubuhlungu sayitsheni. Ngiyaphinda ngithi vele sekonakele. Manje, ngizocela nigcine ukuthula endaweni, mina sengizowuyeka-ke lo msebenzi wobukhansela.

SAYITSHENI: *(enyuse izwi ngenxa yentukuthelo)* Uthini? Uyeke? Niqala izinto bese nigabisa ngokuyeka uma sekonakele? Lutho! Wena yelekelela ekucisheni lo mlilo wothathe osuwokhele.

DUMA: Kahle sayitsheni. Ngizowucisha kanjani lo mlilo? Bazongibulala phela abantu.

4.1 Bakuphi laba abakhulumayo kulesi siqeshana? (1)

4.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza ukuthi uDuma abaleke emzini wakhe ayocela usizo kusayitsheni? (1)

4.3 Ngokwalesi siqeshana kungani usayitsheni ethi akamsoli uDlamini ngesenzo sakhe sokushaya uMbandlwa? (2)

4.4 Le ndawo okukhulunywa ngayo kulo mdlalo inomlando wezimpi zombango. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (1)

4.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mushwana ongezansi sichaza ukuthi: Ukuzithoba **kuyadlondlobala**:

A Kuyancipha
B Kuyakhula
C Kuyaphela
D Kuyagulisa (1)

4.6 Fingqa ngamaphuzu AMABILI imizamo eyenziwa nguhulumeni kanye nezinhlangano zepolitiki ekudambiseni udlame endaweni yenkosi? (2)

4.7 Kwaba namthelela muni ukuba khona kukaDabula noFohloza empilweni yenkosi uShandu? (2)

4.8 Ingaphandle lale ncwadi (ikhava) linesithombe sabantu abaxhawulanayo. Ngabe lesi sithombe sihambisana kanjani nesiphetho salo mdlalo? (2)

4.9 Umbhali usichazela kahle ngesimo senkundla nokuthi abadlali (abalingiswa) esibathola kulesi siqephu bakuyiphi indawo, benzani ngesikhathi bekhuluma.Tomula amazwi akubakaki esiqeshini ayimiyalelo yokwenzeka enkundleni *(stage directions)* achaza lokhu. (2)

4.10 Chaza isimo senhlalo kule ndawo yenkosi uShandu. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.11 Ukungaqondi kukaDuma nenkosi uShandu ukubaluleka kokusebenzisana phakathi kwabo njengabaholi endaweni kwaba namuphi umphumela? (2)

4.12 Yikuphi kule ngxoxo engenhla okukhombisa ukuthi usayitsheni ubona ukuthi nguDuma ongumphehli wodweshu kule ndawo? (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA H

**(Emagcekeni esikoleni kunamaphoyisa, osopolitiki ababili, yisikhulu sikahulumeni kanye nalabo abakade besesibhedlela. Abantu batheleka ngezinkani. Umfundisi nguye ongusihlalo.)**

MAZONGOLO: Njengoba senizizwele osopolitiki bekhuluma nani, naphinde nezwa noDuma exolisa ngokushayisa kwakhe, manje-ke ngizonifundela umbiko wenkosi. (*alungise ipheshana aliphethe maqede aqale afunde)* Ithi inkosi yesizwe sakithi, 'Ngibingelela isikhulu sikaHulumeni, osopolitiki bezinhlangano zabantu kanye nesizwe sonke. Sizwe sami engisithandayo, okwenzekile kufana nento esingeke sisakwazi ukuyiguqula. Asebefile ngeke sibavuse kodwa ngethemba ukuthi sifunde lukhulu kukho konke osekwenzekile. Ngabe angiyazi into engiyiphilelayo uma ngingababongi laba bantu besifazane ababili umkami uMaNgema, kanye noMaShezi, umkaDuma. Bobabili babambe iqhaza elibaluleke kakhulu ekucisheni lo mlilo. Ngempela baqinisile abathi, abantu besimame bayimbokodo. Kusukela manje ikhansela lizoqhubeka nohlelo lokuletha intuthuko esizweni sami. Nalo liqaphele ukuthi lisebenzisana nabantu abanjani. Mina-ke ngizolisiza ikhansela. Njengoba alikabi nayo indlu yokusebenzela, mina nginikela ngendlu elaphaya emzini wami. Leyo ndlu iseduze kwesango. Yiyo-ke ezoba yigunjana azohlelela kulo konke okuqondene nemisebenzi yakhe. Ngizovala ngokubonga amaphoyisa asebenze ngokuzikhandla ukubhula lo mlilo. Yimina inkosi yenu, uShandu.'

4.13 Ngubani owayengusihlalo walo mhlangano okukhulunywa ngawo kulesi siqeshana esingenhla? (1)

4.14 Ngubani owabhala incwadi eyayifundwa ngusihlalo walo mhlangano? (1)

4.15 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 4.15.1 uMaMsomi | A Wayefunda oHlange |
| 4.15.2 uMaShezi | B Ummeli weNkosi |
| 4.15.3 uSidamba | C Isithakazelo sakwaDlamini |
| 4.15.4 uMzizi | D Inkosikazi kaDlamini |

(4)

4.16 Hlobo luni lomdlalo lolu? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

4.17 Ngokucabanga kwakho lokhu okwenzeka ngosuku lomhlangano woxolo kuyinto ekholekayo nengenzeka yini empilweni yangempela? (2)

4.18 Umbhali uphumelele yini ukuveza indikimba yalo mdlalo wakhe? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

4.19 Ukuba wena wawunguMbandlwa yiziphi izeluleko ezakhayo owawungazinikeza uDuma? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
**[35]**

## UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA I

(*KukwaMaNsibande. Kusanda kungena uSonto noNhleko.*)

MANSIBANDE: *(Ngokumangala)* Sanibonani Sonto, kwenzenjani? Wafika nabantu boMthetho?
NHLEKO: Ungethuki Nkosikazi. Mina ngingumseshi uNhleko. Kasizile ngobubi. Sidinga usizo lwakho nje, esethemba ukuthi sizoluthola.
MANSIBANDE: (*Esathukile*) Mina ngi nguMaNsibande. Kwenzenjani?
NHLEKO: Siyadabuka ukukwazisa ukuthi uMfundisi uZondo uhlaselwe, utholakale edutshuliwe, njengamanje ulimele kakhulu esibhedlela.
MANSIBANDE: (***Ethwala izandla ekhanda***) Hawu! Hawu! Ngomfundisi Nkosi yami woneni nje, kubani?
NHLEKO: *(Ngezwi elinozwela)* Nathi sizwe ubuhlungu nkosikazi. Impela siyadabuka, sizwelana nani.
MANSIBANDE: (*Esula izinyembezi emehlweni.*) Kodwa ngoMfundisi pho!
SONTO: Nami ivele nje yangethusa le ndaba ntombi.
MANSIBANDE: Hawu! Kodwa ubangiswani uMfundisi? Kanti banjani abantu emhlabeni bakithi? Bambulala ebe enzeni nje uMfundisi?
NHLEKO: Kusolakala sengathi kumayelana nemali ngoba kukhona etholakele endlini lapho edutshulelwe khona uMfundisi.
MANSIBANDE: Washo ngabona, kade befuna imali yomnikelo. Kodwa beyazelaphi ngoba indaba yemali ibiphakathi kwethu sobathathu?
NHLEKO: E, ngizodinga usizo lwakho-ke dadewethu. *(Ekhipha ibhukwana.)* Ngingakubuza imibuzo embalwa?
MANSIBANDE: Yebo, ayikho inkinga.
NHLEKO: Umgcine nini uMfundisi?
MANSIBANDE: Izolo ntambama.
NHLEKO: Bekungaba ngubani isikhathi?
MANSIBANDE: *(Elokhu esula izinyembezi.)* Bese ligamanxile ihora lesikhombisa.
NHLEKO: Ingabe ukhona yini umuntu enimgibelisile endleleni?
MANSIBANDE: Cha, impela akekho.
NHLEKO: Kuyiqiniso ukuthi ngenkathi nigcinana nobathathu benikade nibala imali yomnikelo negcine ihambe noMfundisi?
MANSIBANDE: Yebo kuyiqiniso.

5.1 Bakuphi laba abakhulumayo kulesi siqeshana? (1)

5.2 Ngokwalesi siqeshana uzokwenzani uNhleko emzini kaMaNsibande? (1)

5.3 Ngokusho kukaNhleko, uMfundisi bambulalelani? (1)

5.4 Le ndawo okukhulunywa ngayo kulo mdlalo inomlando wobugebengu. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

5.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:
**Ethwala izandla ekhanda**:

A Ethetha
B Ekhala
C Equleka
D Ejabula (1)

5.6 Fingqa ngamaphuzu AMABILI imizamo eyenziwa nguSonto yokuthola imali yokukhokhela uMthofi. (2)

5.7 Kwaba namthelela muni empilweni kaSonto ukuphuma kukaMthofi ejele? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.8 Washona kanjani unkosikazi wokuqala kaMbhele? (2)

5.9 Ingaphandle le ncwadi (ikhava) linesithombe somuntu obambe imali. Lesi sithombe sihambisana kanjani nesiphetho salo mdlalo? (2)

5.10 Chaza ngesimo senhlalo kule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.11 Umbhali usichazela kahle ngesimo senkundla nokuthi abadlali (abalingiswa) esibathola kulesi siqephu bakuyiphi indawo, benzani ngesikhathi bekhuluma.Tomula amazwi akubakaki esiqeshini ayimiyalelo yokwenzeka enkundleni *(stage directions)* achaza lokhu. (2)

5.12 Yikuphi okwenziwa nguDlamini kulo mdlalo okukhombisa ukuthi ungumlingiswa oyithandayo imali? (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

| | |
|---|---|
| SONTO: | Manje kuqhubeka kanjani ngecala? |
| MANSIBANDE: | Ngisanikezwe ibheyili, lisazothethwa icala. Uyazi namanje angikazi ukuthi ibhadi lani nje leli. |
| SONTO: | Abukho ubufakazi obuhlukile obutholiwe obungakukhipha kule nkinga? |
| MANSIBANDE: | Akukho okusaveziwe. |
| SONTO: | Mh! Waze wasenkingeni ntombi. |
| MANSIBANDE: | Lisho uliphinde ntombi. |
| SONTO: | Manje uzokwenzenjani? |
| MANSIBANDE: | Okwamanje angikazi kodwa ngithandaza kuNkulunkulu ukuthi umfundisi alulame njengoba esevukile nje, akwazi ukukhuluma. Nguye osezongilamulela. |
| SONTO: | *(Ahlahle amehlo.)* Usho ukuthini uma uthi akakakwazi ukukhuluma? |
| MANSIBANDE: | Hawu! Awuyazi indaba engaka? Isiyaziwa yimi ngizibuyela ejele ukuthi uMfundisi usevukile, ukuthi nje akakwazi ukukhuluma. |
| SONTO: | (*Esamangele*) Hhayi-bo! Nini? |
| MANSIBANDE: | Kwangathi akukujabulisi nje ukuphaphama kukaMfundisi dadewethu? |
| SONTO: | Akunjalo. |
| MANSIBANDE: | Manje uthuswa yini kangaka? |
| SONTO: | Ngithuswa yinjabulo. Ukuthi nje bese ngingathembi ukuthi umfundisi uyophila ngendlela engambona eyiyo esibhedlela. |
| MANSIBANDE: | Njengoba bengichaza-ke ukuthi uma engase aphaphame uzochaza ukuthi ngubani owamdubula, bese ngiyakhululeka. |
| SONTO: | Akhona kodwa amathemba? |
| MANSIBANDE: | Odokotela bathi noma yinini angase akhulume. |
| SONTO: | *(Ngezwi elinokudumala)* Kwakuhle-ke lokho. |
| MANSIBANDE: | Namanje ngisasho, kukhona okungakuphathi kahle ngalolu daba lukaMfundisi. |
| SONTO: | *(Esemi ngezinyawo)* Hhayi! Akunjalo. |
| MANSIBANDE: | Wase uma ngezinyawo ngisathi ngenza okuphuzwayo? |
| SONTO: | Sekumele ngihambe, ngishiye umsebenzana ekhaya. |
| MANSIBANDE: | Ngiyabonga ukuzongibona, nami ngisafuna ukuphumula, kade ngagcina ukulala ubuthongo. Usuyohamba kahle ntombi. *(Bavalelisane, aphume uSonto)* |

5.13 Ukusinda kukaMfundisi kwakuzomlamulela kanjani uMaNsibande? (2)

5.14 Hlobo luni lomdlalo lolu? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

5.15 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 5.15.1 UNhleko | A Isigebengu esingumngani kaMthofi. |
| 5.15.2 UNtshangase | B Umama kaSonto. |
| 5.15.3 UMaMkhize | C Umseshi wecala loMfundisi. |
| 5.15.4 UToronto | D Ummeli kaMbhele omsizayo. |

(4)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha
Pheqa ikhasi

5.16 Uyavumelana yini nokuthi uZinhle wayezongena engozini ngenxa yobugebengu bukamama wakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.17 Umbhali uphumelele yini ukuveza indikimba yalo mdlalo wakhe? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

5.18 Ukuba wena wawunguMaMkhize yiziphi izeluleko ezakhayo owawungazinikeza uZinhle emva kokuboshwa kukaSonto? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**[35]**

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

*(UThenjiwe noThabi basekhishini bayasebenza, bayaxoxa)*

| | |
|---|---|
| THABI: | Ujabule sisi ngoba uvakashelwe umngani wakho izolo? |
| THENJIWE: | Akukho kujabula engibe nakho Thabi. Ingani abantu basuke bangikhumbuze indaba endala. Kodwa-ke umngani wami uzamile izolo. |
| THABI: | Kufanele ngibone uhleka kucishe kuvela elomhlathi impela. |
| THENJIWE: | Vele uGugu unamahlaya. Angakuhlekisa ngisho ucashile. |
| THABI: | Ngethemba ukuthi akashongo ukuthi hamba lapha ekhaya. Uma esho njalo, ngitshele ngiqale ukumzonda manje nje. |
| THENJIWE: | Cha akashongo ukuthi angihambe. *(Ambukisise)* Into enhle naye kodwa ungiphile iseluleko esincane. |
| THABI: | Besithini leso seluleko sisi. Yena uGugu akayiboni le ndaba yakho noDumisani. |
| THENJIWE: | Uhlupha ngoba awuzwa wena. UDumisani usemncane kabi Thabi. Okwesibili nami angikwazi ukuwezela uthando lomunye umuntu komunye. |
| THABI: | Ngiyayizwa le nto oyishoyo sisi. Into nje engiphethe kabi ukuzwa ukuthi ungase usishiye lapha ekhaya. Lokho kungangiphatha kabi ngize ngiyofa. |
| THENJIWE: | Noma ngihambile phela ngingabuye ngifike nje nginivakashele. |
| THABI: | Kodwa umama yena uthini? |
| THENJIWE: | Mayelana nani? |
| THABI: | Ngayo phela le ndaba. |
| THENJIWE: | Cha abakasho lutho abadala. |
| THABI: | Ngiyakuhlebela nje sisi. Ngibezwile mina bethi kufanele ungahambi. Baze bagcizelela impela ukuthi uma uthi ucela ukuya ekhaya ngeke bavume. |
| THENJIWE: | Kulezi zinsuku Thabi kukhulunywa indaba yamalungelo. Nami-ke ngibona ukuthi yilungelo lami ukuba ngibuyele ekhaya uma engasekho engangize ngaye lapha. |

6.1 Bakuphi laba abakhulumayo kulesi siqeshana? (1)

6.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza ukuthi uThenjiwe angakutholi ukujabula? (1)

6.3 Ngokwalesi siqeshana yini eyayizokwenza ukuthi uThabi azonde uGugu? (1)

6.4 Le ndawo okwenzeka kuyo lo mdlalo inomlando wesiko lokungenwa. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

6.5 Chaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

Ngibone **uhleka kucishe kuvela elomhlathi** impela ukuhleka ...

A ubala.
B kakhulu.
C kancane.
D okungatheni. (1)

6.6 Tomula umusho kulesi siqeshana ofakazela ukuthi uThenjiwe akalithandi leli siko lokungenwa. (1)

6.7 Fingqa ngamaphuzu AMABILI imizamo eyenziwa abakwaZungu ukuphoqa uThenjiwe ukuba alivume leli siko lokungenwa? (2)

6.8 Inkinga kaThenjiwe nesiko lokungenwa yaba namthelela muni empilweni kaNondumiso? (2)

6.9 Umbhali usichazela kahle ngesimo senkundla nokuthi abadlali (abalingiswa) esibathola kulesi siqephu bakuyiphi indawo, benzani ngesikhathi bekhuluma.Tomula amazwi akubakaki esiqeshini ayimiyalelo yokwenzeka enkundleni *(stage directions)* achaza lokhu. (2)

6.10 Iseluleko sikaSipho kuThenjiwe ngesikhathi emvakashele ejele saba namuphi umphumela ngokwesiphetho salo mdlalo? (2)

6.11 Yikuphi kule ngxoxo engenhla okukhombisa ukuthi uThabi uzicabangela yena nomndeni wakubo kuphela, akanandaba nezifiso zikaThenjiwe? (2)

6.12 Ngokucabanga kwakho lokhu okwenzeka kuThenjiwe kuyinto ekholekayo nengenzeka esikhathini samanje? Fakazela ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

*(UThenjiwe uhlezi phansi komuthi uyathunga. Ukhuluma yedwa)*

THENJIWE: Ngimkhumbule namuhla uMntungwa. Sasivame ukuhlala sobabili phansi kwalesi sihlahla. Ngixakwa yilaba abangibelesele ngendaba kaDumisani. Bayahlanya. Abazi ukuthi angiyingeni indaba yokungenwa mina. Kodwa yena uMntungwa angathini lapho ekhona? Noma ngabe uDumisani usekhulile nje, ngeke ungibone ngimgana mina. Mina angisiye owokuganga. Naye ngizomgada manje uma efikile. Uma engeshela nje ngiyomkhombisa ikheli. Ngimbuze ukuthi ungithanda manini nje. Uma enganakile futhi siyodumelana kube kuncane indawo. Uyazi angimazi nalo muntu owasungula isiko lokungenwa wayehlushwe yini. Abantu bayathanda ukusungula amasiko adala izinkinga. *(Ezwe izigi)* Nangu umama eza. Uma eqala le ndaba yesiko lakhe uzongizwa kahle namuhla. Angihleki angithi nsi. Angifuni ndoda nje eduze kwami manje.

MAMBATHA: Uyawuthanda lo msebenzi wokuthunga koti bo. *(Ahlale phansi)*

THENJIWE: Ngenzela ukuthi ngingakhohlwa mama. Nawo umshini awufuni ukuhlala isikhathi eside ungasebenzi.

MAMBATHA: Kuzofuneka ungifundise nami makoti ngizithungele.

THENJIWE: Awu mama uthi kungalunga ufundiswa imfundamakhwela?

MAMBATHA: Akubonakali ukuthi usafunda koti. Ukwenza kwakho kukhombisa ubumpetha. Impela ngicela ungifundise. Siningi kabi isikhathi esizosihlala nawe ngingagcina sengiwushaya njengawe nje.

THENJIWE: Usho ukuthini umama uma ethi sisazohlala isikhathi eside?

MAMBATHA: Kanti uyahamba yini?

THENJIWE: Ngingeze ngasho ukuthi ngiyahamba mama. Uma sekukhunyulwe inzilo bengizocela ukuba ngibuyele ekhaya.

6.13 Yimuphi lo msebenzi uMaMbatha ayefuna ukuwufundiswa nguThenjiwe? (2)

6.14 Hlobo luni lomdlalo lolu? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

6.15 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 6.15.1 uDumisani | A Umakhelwane |
| 6.15.2 uMaNzuza | B Umngani kaThenjiwe |
| 6.15.3 uNondumiso | C Indodana kaZungu |
| 6.15.4 uSipho | D Udadewabo kaThenjiwe |

(4)

6.16 Chaza ngesimo senhlalo kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.17 Umbhali uphumelele yini ukuveza indikimba yalo mdlalo wakhe? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

6.18 Ukuba wena wawunguMaMkhize yiziphi izeluleko ezakhayo owawungazinikeza uMondise mayelana nale ndaba yokungenwa kukaThenjiwe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO*** **– DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

## UMBUZO 7

### 7.1 'INGODUSO' – S Bhengu

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

'Bengisathi ngalimala-ke lapho Nokwazi. Ngalimala lapha emlenzeni, kodwa ngakwazi ukubaleka nayo imali ngaze ngayoyithukusa ndawana thize. Ukubanjwa kwami-ke kwadalwa yilokhu kulimala kwami okwenzeka. Ngabanjwa ngaboshwa, ngagwetshwa iminyaka emibili.'

'Usho ukuthi imali ikhona Sipho? Usazokwazi ukuqhubeka nelobolo? Sisazoshada Sipho?'

'Uma usangithanda Nokwazi akukho **okuyokuma endleleni yethu**. Mina ngisakuthanda. Ngisengowakho. Nangaphesheya kweli- ...'

'Nami ngisakuthanda. Noma sengiphe- ... Cha, ngoba vele sekusebusuku, asisale sesilala lapha ngoba kunesivuvu, usuyombona ekuseni uSanele.'

'Ngaphambi kokuba silale, ngicela uyithathe le mali Nokwazi, ihlale ezandleni zakho.'

'Cha cha,' eqhela. 'Ungayibeki ezandleni zami. Ungayibeki. Okungenani yibeke lapha eduze, ngeke ithathwe muntu. Ngizoyigada ngeso elibanzi.'

Nangempela ngiyibeke phansi imali eduze kwakhe. Izindodla zamaphepha. Athi sesingalala manje, anxuse kodwa futhi ukuthi singasondelani, athi okuningi sisenethuba lakho, ngoba nakhu sesibuyisene.

'Usuyongivusa-ke Sipho, mina uyazazela ukuthi nginobuthongo.'

'Kulungile, ngizokuvusa Nokwazi. Nami ngizoke ngiphuphe amaphupho amnandi.'

Angihleke.

Silale-ke.

Ngiphashanyiswa ngamazwana athile nezinto ezingincinzayo sengathi yizintuthwane. Ngithi ngizama ukuvuka kwale. Ngiphakame kancane ngesingenhla. Ngiqwebule amehlo. Ngibone abantu nje bengijamele. Ngibukisise. Nangu uGodide, umkhwe wami, nangu nomkhwekazi kanjalo nosibali uPhumlani. Ngithi ngiqalaza uNokwazi, lutho. Ngibuke le ndawo engilele kuyo; ngikhangwe yindunduma yomhlabathi.

7.1.1 Ngubani igama lendodana yomxoxi okukhulunywa ngayo kulesi siqeshana? (1)

7.1.2 Ngokwalesi siqeshana sizathu sini esenza ukuthi uSipho noNokwazi balale phandle? (2)

7.1.3 Ukufika kukaSipho ebusuku endaweni yangakubo kaNokwazi kwaba namthelela muni? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

7.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Lesi simo sokukhuluma esithi: '**Akukho okuyokuma endleleni yethu**.' sichazani kulokhu?

A Akukho okuzongiphindisela ejele manje.
B Akukho zinkinga okumele sizixazulule.
C Akukho okuzosivimba ukuba sishade.
D Akukho okuzokonakala uma sishada. (1)

7.1.5 Le ndaba emfushane ikhuluma ngesigameko esisodwa kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni. Bhala lesi sigameko ngomusho OWODWA. (2)

7.1.6 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi uNolwazi wayengafuni ukuyithinta ngezandla zakhe imali eyayifike noSipho. (2)

7.1.7 Ukushada kukaSipho noNokwazi kwakuyoyisiza kanjani indodana yabo? (2)

7.1.8 Sifundo sini esitholakala kule ndaba emfushane? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.9 Ukuba wena wawunguSipho wawuyoyisebenzisa kanjani imali yakho emva kokuthola ukuthi iphupho lakho lokushada noNokwazi ngeke lisafezeka? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

## 7.2 'ILOBOLO' – S Zimema

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

Uthe angaqeda ukukhuluma nocingo lwakhe lolo, waluvala.
'Baba nawe Mama, ithanda ukungesinda mina le nto. Lo mnumzane uthi ufuna ngimelekelele. Ungibalisela ngokuhlupheka kwakhe. Ungitshela ukuthi akanayo imali ngenxa yokuthi wadilizwa emsebenzini. Ungitshela ukuthi wethembele kimi njengomkhwenyana wakwakhe. Ungitshela ukuthi akanayo imali eyanele. Kuyacaca ukuthi uyabona ukuthi lo msebenzi ubhekene naye ngqo. Uzama ukungifaka ngekhanda nje. Ngeke ngiyivume mina leyo nto. Ufunani kimi?'
'Uphendule wathini wena kuyena ngenkathi nixoxa?' kubuza uyise.
'Angimethembisanga lutho Baba. Ngithe ngizobona. Okokuqala, yena akafanelanga ukukhuluma nami. Kufanele akhulume nani, hhayi mina. Ngibona sengathi ufuna ukungiqinela ngoba azi ukuthi ngiyamhlonipha. Uthe uzobuye ashaye emva kwesikhashana.Yinina okufanele nikhulume naye, hhayi mina.'
'Ngiyakuzwa lokho okushoyo, kodwa ngibona sengathi usezohlalela ethembeni njengoba wena uthe usazobona nje,' kusho unina.
'Kulungile. Akahlalele kulelo themba lakhe aze ayofa njengoba esihlalise ethembeni kwaze kwafa omunye nje. Elami lithi, ngeke ngize ngifake ngisho elimnyama isenti. Ningamelekelela nina uma ninemali eningi. Lo muntu sisanda kumnikeza inqwaba yemali. Akasebenzise yona. Ukuba wayidedela ingane yakhe, ngabe asihluphani ngalutho nale ndoda. Bengizozithwala ngikhululekile izindleko zomngcwabo. Bengingeke ngimeme omunye umuntu.'

7.2.1 Lwaluvelaphi ucingo ayeqeda ukuluphendula uMandlenkosi? (1)

7.2.2 Kwasekuphele izinyanga ezingaki elobolile uMandlenkosi? (1)

7.2.3 Umukhwe kaMandlenkosi ungumlingiswa okholekayo yini kule ndatshana? Fakazela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

7.2.4 Yisiphi isizathu esenza uMandlenkosi angasemukeli isicelo somkhwe wakhe sokumelekelela ekungcwabeni umakoti wakhe? (1)

7.2.5 Yiliphi isu ayesecabanga ukulenza uMandlenkosi ukuze ahlale ndawonye nomakoti wakhe? (1)

7.2.6 Bhala izinto EZINTATHU ayethi uMandlenkosi umkhwe wakhe ubalisa ngazo. (3)

7.2.7 Yashona kanjani ingoduso kaMandlenkosi? (2)

7.2.8 Chaza ukuthi umbhali uwufezile yini umgomo wenani labalingiswa kule ndaba emfishane? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

7.2.9 Ukuba wawunikwe ithuba lokweluleka umukhwe kaMandlenkosi kule nkinga ayebhekene nayo, wawungameluleka uthini? (2)

7.2.10 Ngokwakho ukubona kwakufanele yini uMandlenkosi angcwabe ingoduso yakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

**UMBUZO 8**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Kuyosala Izibongo –T Qwabe**

Wayengathethi manga okaNdaba
Ngesikhathi ethi ziyofa izinsizwa kusale izibongo.
Kula mathafa ezwe lethu kwake kwaphila izinsizwa,
Ezazigijima mzila munye nezinyoka ezibulalayo,
Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo.
Zibanga amaqele namabhubesi abulalayo,
Zidwanguza amahlathi nezigwe ezibulalayo.

Ekuhambeni kwami nginqamula izwe lakithi,
Ngibona inhlaba imile ngezinyawo ihlobile,
Namatshe elele ngezisu elanda ezasendulo,
Notshani kukhwele ngezidindi kukhinindelana ezasendulo,
Kuyaye kube sengathi ngamehlo ami,
Ngibona amaqhawe akithi evunule ngamabheshu,
Ezandleni ebambe amahawu amaqhabanga namaklwa,
Ezinyaweni embethe ukushesha okungathi okombani,
Esho ingoma yempi esenukelwa yigazi,
Edinwe evevezela okweminyovu ngokudlokodlwa ehlweni.

Ngiwabona ethi shalushalu,
Egane unwabu, ngifung', uNonhlanhla kababa,
Elwa engakhokhi moya noma seyaphela impi,
Elwa ngemimoya ekhathazekile ngoba engagezwanga,
Futhi kungekho namunye owathi shwele.

8.1.1 Yiliphi igama elisenkondlweni elisikhombisa ukuthi le ndawo imbongi ekhuluma ngayo iqondile? (1)

8.1.2 Ngubani okaNdaba imbongi ekhuluma ngaye emgqeni wokuqala? (1)

8.1.3 Bhala izilwane EZINE ezibalwa yimbongi endimeni yokuqala. (4)

8.1.4 Tomula imigqa EMIBILI enokuxhumana esitanzeni soku-1 bese usho ukuthi hlobo luni lokuxhumana. (2)

8.1.5 Imbongi ichaza ukuthini ngesifengqo sokufanisa esithi:

'Edinwe evevezela okweminyovu ngokudlokodlwa ehlweni.' (2)

8.1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama **ukudwanguza** lisho ukuhamba …

A ekhaya isikhathi eside.
B ungazi lapho uya khona.
C nabangani bakho.
D umuntu ngemuva. (1)

8.1.7 Ucabanga ukuthi uNonhlanhla ungudadewabo wembongi ongakanani/wesingaki kubo? Sekela ngokubhekisa esitanzeni sokugcina senkondlo. (2)

8.1.8 Uyavumelana yini nokuthi imbongi iphumelele ukwedlulisa umyalezo wayo ngale nkondlo? Sekela ngokubhala amaphuzu AMABILI omqondo wenkondlo. (2)

8.1.9 Ngokucabanga kwakho kungumqondo omuhle yini ukulwela izwe lakho? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Kwamfaz'ongemama – FF Mbatha**

Awuthunyelwa gundane
Ngidele konke ngayokwenda,
Ngidel'ikhaya likababa,
Ngadel'izihlobo nabangani,
Ngadela nezinkalo zakithi,
Uze ungilonde Mveli
Kwamfaz'ongemama.

Namuhla ngiqombol'izintaba,
Ngilibangise kwamfaz'ongemama.
Noma ngibangwa nezibi,
Liyophuma lithi
Ngiyatefa ngiyazenzisa,
Uze ungigcine Menzi
Lapho kwanhliziyo ngise.

Noma ngingayisisulu sikamamezala,
Noma angangicakafula angichaphe
Ngelumelayo yodwa,
Ngiyobekezela ngizithobe.
Mntanomuntu ngibekezele,
Ngigcine yonk'eyasemendweni.
Uz'ube yisihlangu sami Baba,
Lapho kwamfaz'ongemama.

Konke kwenzeka samlingo,
Nokho lolu thando luyithumbil'eyami,
Lolu thando lungishay'indali emajukujukwini,
Ngiyazesaba ezakhona izehlo.
Nokho akusenani
Sengobekezela ngizithobe,
Kwamfazi'ongemama.

8.2.1 Yiliphi igama elisenkondlweni elisikhombisa ukuthi imbongi ingumuntu okholelwa kuNkulunkulu? (1)

8.2.2 Bhala izinto EZINTATHU ethi imbongi iyozishiya lapho isiyokwenda. (3)

8.2.3 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo yimbongi ngokusobala emigqeni wesi-8 kuya kowe-12. (2)

8.2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Umugqa othi, '**Noma angangicakafula angichaphe**' usho ...

A ukumthuma njalo.
B ukumethuka ngenhlamba.
C ukumthanda kakhulu.
D ukumsebenzisa kakhulu. (1)

8.2.5 Tomula umugqa oyimpindwa bese uchaza umqondo ogcizelelwayo kule nkondlo. (2)

8.2.6 Bhala izinto EZIMBILI imbongi ethi uthando luzenze kuyona esitanzeni sesi-4. (2)

8.2.7 Chaza umoya wale nkondlo. (2)

8.2.8 Uyavumelana yini nokuthi imbongi iphumelele ukwedlulisa indikimba yayo ngale nkondlo? Sekela ngokubhala indikimba bese uyachaza. (2)

8.2.9 Ungameluleka uthini lo mamezala onesihluku okukhulunywa ngaye kule nkondlo? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha
KWAZULU-NATAL
M4

